

Vuk'uzenzele

**JOBS
INSIDE:**


Produced by Government Communications (GCIS)

isiZulu / English

| September 2016 Edition 1



Minister in The Presidency for Planning, Monitoring and Evaluation, Jeff Radebe announced a plan to support small business and cooperatives.



**Celebrating
SA's heritage**

Page 4



**Ikaheng builds
the community**

Page 15

**Team South
Africa flies the
flag high**

Page 16

Small businesses get a boost

Noluthando Mkhize
and Neo Semono

Government has given South African small businesses and cooperatives a lifeline.

This after government announced that it has set aside 30 percent of its procurement spend for services from small businesses, and cooperatives.

Minister in The Presidency for Planning, Monitoring and Evaluation, Jeff Radebe,

announced this shortly after the Cabinet Lekgotla held recently.

He said a new Procurement Bill developed by National Treasury that will be introduced next year, would ensure that 30 percent of government contracts are set aside for small companies, cooperatives and township businesses.

"Government would introduce legislative amendments to implement the 30 percent

set aside to unlock the potential of SMMEs, cooperatives and the township and rural enterprises. This would be done by March 2017," said Minister Radebe.

He added that this was part of government's evaluations of financial incentives for business to strengthen and achieve greater value for money to enhance more inclusive growth.

Government will continue to focus on labour-intensive

sectors, including the need for various mechanisms to support greater impact on jobs, such as the use of the incentive programmes, amongst others: clothing, textiles, leather and footwear value-chain; agro-processing and business process services.

The economy was top of the agenda at the Cabinet Lekgotla as government assessed its

Cont. page 2

Protect your social grant

Gabi Khumalo

The South African Social Security Agency (SASSA) has urged social grant beneficiaries to make other arrangements with financial service providers to pay their premiums. This follows the amendments of

the regulations of the Social Assistance Act of 2004, where some social grant beneficiaries will have to make other arrangements regarding the payment of funeral insurance premiums.

The amendments of the regulations was a necessary and responsible step taken by SASSA and the Department

of Social Development in order to protect vulnerable beneficiaries against dishonest financial service providers.

"The law allows for only a maximum of 10 percent of the grant value to be deduct-



ed and requires that SASSA should be informed when-

Cont. page 2

ALSO AVAILABLE ON:



t @VukuzenzeleNews

f Vukuzenzele

Websites: www.gcis.gov.za
www.vukuzenzele.gov.za
E-mail: vukuzenzele@gcis.gov.za
Tel: (+27) 12 473 0179

Free Copy

Umnotho wasezindaweni zasemakhaya uthuthukisa izimpilo

Siya Miti

Uhlelo olwaqaliswa ezindaweni zasemakhaya eMpumalanga Kapa selithathe igxathu elikhulu ekuhlomiseni abesifazane nentsha.

Mining imiphakathi evuna izinzuko ze-Indibano Projects, inhlangano ephethwe ngowayengungqongqoshe ngaphambilini uLindiwe

"Indibano ihlose ukubuyisela emphakathini."

Hendricks.

Indibano Projects isebeenza nemiphakathi yasezindaweni zasemakhaya ukuze ithuthukise umnotho. Indima yayo ukuthola imali yamaphrojekthi entuthuko, ikakhulu kwezolimo, noku-xhumanisa imiphakathi yasemakhaya nababambiqhaza abafanele.

Indibano yasungulwa yi-Phambili Vuna, inkampani kaNkk. Hendricks no-myeni wakhe, inkampani



Amalunga eZulukama Community Trust aqhuba ngempumelelo izikhungo zoboya bezimvu eduze ne-Whittlesea, eMpumalanga Kapa.

yabacwaningi-mabhuku i-PwC ne-Kula Investments, inkampani ese-East London egxile kumaphrojekthi okuthuthukisa kwezindawo zasemakhaya.

"Indibano ihlose ukubuyisela emphakathini. Siyabona ukuthi uhulumeni ngeke akwazi ukuba kuyo yonke indawo futhi ucela amabhizinisi azimele ukuba a-

mhangabeze ekuthuthukisweni kwezindawo zasemakhaya," kusho uNkk. Hendricks.

Le phrojekthi yasiza umphakathi waseZulukama eduze ne-Whittlesea, laphoabantu beqhuba khona izikhungo zoboya bemvu ukuze bathengise emakethi.

"Sathola nabanye abazobambisana nathi njengo-

Masipala Wesifunda i-Amathole. Lo masipala wanikela ngezimvukazi nezinqama futhi amalungu o mphakathi aqeleshelwa ukugunda izimvu noku-zizalanisa," kusho uNkk. Hendricks.

IZulukama Community Trust manje isinemife-landawonye yezimvu eyiskhombisa, ngamunye kuyo-

na unezimvukazi eziyi-100 nezinqama ezine, okwenza kube yizimvu ezingama-728 sezizonke. Inani lezikhungo selikhulile lafika kwezingama-22 kusukela kwasungulwa lokhu ngowezi-2006.

UNkk. Hendricks wathi impumelelo yezikhungo zoboya bezimvu ibonisa ukuthi ukhona umcebo ezindaweni zasemakhaya. □

Ama-macadamia aletha ithemba



Amanati ama-macadamia asezingeni eliphezulu akhiqizwa ezindaweni ezhilukahlukene eMpumalanga Kapa.

Siya Miti

Izakhamuzi zasesigodini saseNcera ngaphandle kwase-East London ziyahlomula kwiphrojekthi yokulima amanati okuthiwa ama-macadamia, esanda kuqaliswa kule ndawo.

Ama-macadamia amanati adliwayo.

Indibano Projects, ehlose ukuhlomisa abesifazane

nentsha ezindaweni zasemakhaya eMpumalanga Kapa, iqhubekisela phambili ukwanda kwamasimu ama-macadamia.

Loku kwanda sekufike nasesizweni sa-AmaJingqi e-Willowvale, ngaphansi kweNkosi uDumalisile.

"Sajoyina i-EC Macadamia, eyayisisebenza kakade emaPulazini aseNcera njenqophathina ekutholeni

imali ezosetshenziswa ukuze kwandiswe iphrojekthi yama-macadamia eMpumalanga Kapa. Sithola imali yako konke okusha, ngisho namasimu ama-macadamia kulesi sifundazwe," kusho u-Lindiwe Hendricks, ilungu elingomunye wabasunguli be-Indibano Projects. Isigodi saseNcera esingamahektha angama-300 sikhiqiza ama-macadamia ang-

mathani ayizi-50 000 ngo-nyaka.

"Kulo nyaka isivuno sikhuphukile safinyelela kumathani ayizi-80 000 futhi indawo yaseNcera iye yaphakanyiswa nje-

"Sinesibopho sokukhipha abantu ngaphansi kobubha futhi siqinisekise ukuthi kunendlela yokwakha umcebo ezindaweni zasemakhaya, ukuze sinqande le ndaba yokuthi izingane zifune ukuthuleleka emadolobheni."

ngendawo ehamba phambili ezweni ngokwezinga lamanati ewakhqizayo," kusho uNkk. Hendricks.

Endaweni yasemaMpondweni, Indibano icinga

izindawo ezingfaneleka kakhulu ekutshale-ni ama-macadamia.

abantu basemakhaya, ikakhulu abesifazane nentsha, baye bahlonyiswa ngamakhono ababewantula ngaphambilini, kusho uNkk. Hendricks.

"Intu engenza nganeliseke ukubona izimpilo zabantu zishintsha. Ngibona abesifazane ababekade benignathemba manje sebenizingadi zezihlahla ... Ave ngiziqhenya ngalokho!"

Wanezela nokuthi impumelelo yephrojekthi yokutshwala kwamanati ama-macadamia ekhona manje ikhombisa ukuthi kungenzeka ukwakha umcebo ezindaweni zasemakhaya.

"Sinesibopho sokukhipha abantu ngaphansi kobubha futhi siqinisekise ukuthi kunendlela yokwakha umcebo ezindaweni zasemakhaya, ukuze sinqande le ndaba yokuthi izingane zifune ukuthuleleka emadolobheni."

Ibhizinisi lokuthunga yibhizinisi elikhulayo

Albert Pule

Kusukela esemnca-ne, u-Ntshe-peng Mofokeng (oneminyaka yobudala engama-34) wayelokhu efunaukubaumnikaziwebhizini. Ngemva kokuqedu umatikuletsheni, wacabangela ukungenela umculo futhi wazama nokusebenza embonini yezokuthenga namabhange kodwa wayesalokhu enelukuluku lokuba usomabhizinisi.

"Ngisho nalapho ngisasebenza, ngangilokhu nginalo iphupho lokuba nebhizinisi lami. Ngemva kokuba sengiyekile ukusebenza ebhange, ngaqala ukucabangisisa ngokufenza iphupho lami," kusho uNks Mofokeng owa-zalela e-Pimville.

Lapho esenqumile ngo-hlobo lwebhizinisi ayefuna ukuba nalo, waya kw-Nhlangano Kazwelone Kazuthuthukiswa Kwentsha (i-NYDA) eyocela usizo lwezimali.

"Ngangimadolonzima ngenxa yezindaba engangiziwile nge-NYDA.

"Kodwa mangisho ukuthi, kuze kube manje, bangivale umlomo futhi baye ba-

nginikeza usizo nesiqondiso esihle kakhulu."


Ibhizinisi lakhe, i-Tsa Motse Lifestyle Concepts, lanikezwa imali yoxhaso lokuqalis eyizi-50 000 zamarandi.

"Ngangingeve ngijabule, eqinisweni ngajabula na-kakhulu lapho ibhizinisi lami likhethwa ngoba lokho kwabonisa ukuthi ngisendleni efanele futhi ngenza kahle."

Ibhizinisi likaNks. Mofokeng lenza amakhethini, imicamelo, ama-blind, izinto zokwendlala umbhede futhi liphinde lihlobise na-naphakathi. Okwamanje uqashe abantu abane, ababi basebenza ngokugcwela kanti ababili babamba itoho.

"Ibhizinisi lami lisophe kakhulu abantu abangabodwana, abasanda kuthenga imizi, amabhizinisi asebenza ngezivakashi – ikakhulukazi amahhotela amakhulu. "Ngifuna ukuliyisa lapho leli bhizinisi." UNks Mofokeng wanezela nokuthi unezinlelo zokufinyelela nakuthengisela namanye amabhizinisi.

Wathi ezinye zezinselele ezinkulu abhekene nazo njengomnikazi webhizini si elincane ukuncintisana



■ U-Ntshe-peng Mofokeng ukwazile ukufeza iphupho lakhe lokuba nebhizinisi elithi yena, ngosizo Iwe-NYDA.

namabhizinisi amakhulu embonini yendwangu.

"Kuyinselele enku-ku-dwa sizama ngazo zonke izindlela ukuba amakhasi-mende ethu athole oku-

hlukile. Size sikuwashele ngisho namakhethini futhi sisebenza ngendlela ese-qophelweni eliphezulu, sinamanani akhonekayo futhi sinikeza insizakalo

engcono."

UNks. Mofokeng wathi a-nagathanda ukubona inka-mpani yakhe ikhula futhi yakha imisebenzi eminingi esikhathini esizayo. ▀

Umhwebi wezinhlanzi ufeza iphupho lakhe

Sboniso Dlamini

Iapho uBhekuyise Ngema ethola umsebenzi esitolo esithengisa ukudla komkhinqizo wasolwandle, wagcina esezithanda izinhlanzi, okwamshukumisela ukuba aqale ibhizinisi lakhe. U-Ngema (oneminyaka engama-51 ubudala) ungumnikazi we-Sofoco Fish Farm eseMandeni, enyakatho yase-Durban, KwaZulu-Natala.

Leli pulazi lezinhlanzi zase-manzini agelezayo liqanjwe ngomfula omkhulu kakhulu endaweni yaseMbizimbewa eMandeni. Linamathaneli angama-20 agcwele izinhlobonhlobo zezinhlanzi. Amathaneli anezinhlobo eziyi-12 zezinhlanzi okuthi-wa i-koi ne-goldfish, azizalanisayo futhi azithengise.

"Ngiyakuthanda lokhu engikwenzayo. Ngasebe-



■ UBhekuyise Ngema usebenzia isikhwama ukuze akhiphe amaqanda awa-yise kwenye ithaneli.



nzisa ulwazi lwami olupha-thelene namapayipi amanzi nezinto zikagesi futhi ngamba umgonqozo oju-le ngamafidi ayisithupha, ngabe sengifaka iphampu eyayisike yasebenza ukuze ikhiqize amanzi azongena kumathaneli. Umgonqozo ukhiqiza amanzi angama-litha ayi-165 ngomzuzu kodwa ngisadinga amanye

amaphampu amanzi amabi-azosiza le enginayo. Izinhlanzi zidinga amanzi ahlanzekile nendawo eyanele ukuze zithole umoya, ngakho ngisebenzisa ulwazi lwami olumayelana namapayipi amanzi ukuze nqiqinisekisa ukuthi ziyakuthola lokho ezikudingayo," kusho uNgema.

Ibhizinisi likaNgema lawi-

na umklomelo i-Smallholder Award ngowezi-2015.

Isikhathi esiningi usichitha nezinhlanzi ukuze aqinise-kise ukuthi ziphila kahle. Uyaziphakela, akhiphe amaqanda awafake kuthane-li ehlukile, lapho echamu-

"Ngizama ukubonisa intsha ukuthi ungakwazi ukufeza amaphupho akho, kungakhathaliseki ukuthi isimo sakho singase sibe sibi kangakanani. Ngifuna bazi ukuthi ukuqala ibhizinisi akudingi imali eningi, kodwa ungaqala ngemali encane bese uyakhula. Ngeke uthole lutho uma uhleli ekhaya ungenzi lutho," kusho uNgema.

Umgomo omkhulu kakhu-kaNgema ukuba ibhizinisi lakhe likhule futhi liphakele izitolo ngezinhlanzi. Ngisho nakuba i-Sofoco Fish Farm ingenayo ikhompyutha noma ezinye izinto zobuchwepheshe banamuhla, unendlela yokugcina amafayela anamarekhodi azo zonke izinto ezenzeke ebhizinisini lakhe nokunye okubhalwe phansi.

Uthi okwamanje amakhasi-mende akhe kudingeka eze azolanda izinhlanzi ngoba akanayo imoto yokuwahambisela. ▀

sela khona. Amaqanda ase-chamuselwe abe sekhiswa eyiswa kwenye ithaneli.

UNGema uthi uthemba ukuthi ibhizinisi lakhe li-zogquqquzelabantu abasha ukuba nabo baqale amabhizinisi abo.

"Ngizama ukubonisa